

IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

35/2015 Intshumayelo ngesonto 03 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 21. 06. 2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela leliviki, lilotshiwe kuLuka 19:10, lithi: **"Ngokuba iNdodana yomuntu izé ukufuna nokusindisa okulahlekileyo."**

1. Iculo 153/144

2. **Umkhuleko:** Baba osezulwini, singcwelise ngeqiniso lakho. IZwi lakho liyiqiniso. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe kuHes. 18:1-4. 21-24. 30-32;

Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-1 Thimothewu 1:12-17;

IVangeli ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe ku-Luka 19:1-10.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 277/135

7. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe ku-Luka 15:1-10 , lithi: "Kwase kusondela kuye bonke abathelisi nezoni ukumuzwa. AbaFarisi nababhali base bekhonona bethi: Lomuntu wamukela izoni, adle nazo. Wayesebalandisa lomfanekiso, ethi: Ngumuphi umuntu kini onezimvu eziyikhulu, alahlekelwe ngenye kuzo, angazishiyi ezingamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye ehlane, aye kwelahlekileyo, aze ayithole, na? Athi eseyitholile, ayetshathe ethokoza. Esefiké ekhaya ameme abahlobo nabakhelwane, athi kubo: Thokozani nami, ngokuba ngiyitholile imvu yami eilahlekile. Ngithi kini: Kanjalo, kuyakubakhona ukuthokoza ezulwini ngesoni sisinye esiphendukayo kunabalungileyo abangamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye abangasweli ukuphenduka. Noma ngumuphi owesifazane othi enezinhlamvu zesiliva eziyishumi, uma elahlekelwe luhlamvu lwaba-lunye, angokheli isibani, ashanele indlu, afunisise, aze aluthole? Athi ukuba aluthole, abize abahlobo nabakhelwane, athi: Thokozani nami, ngokuba ngilutholile uhlamvu lwami obelungilahlekele. Ngithi kini: Kanjalo kukhona ukuthokoza phambi kwezingelosi zikaNkulunkulu ngesoni sisinye esiphendukayo. Amen." Amen.

8. Intshumayelo: Bandla, sizwile leliVangeli elihle. Ngithi kini: Kanjalo kukhona ukuthokoza phambi kwezingelosi zikaNkulunkulu ngesoni sisinye esiphendukayo. Kahlanu sifunda leligama UKUTHOKOZA. Isahluko sonke sigcwele ngentokozo. Nihlale phansi ntambama, niphenye, nifunde ngentokozo leyo, nihlangane nayo. Ayike, kungumcabango omuhle kimi. Bajabula ezulwini. Bathokoza embusweni wezulu. Izingelosi zezulu ziyahleka, ngoba uTiedemann wafunyanwa nguMsindisi wakhe. IBandla lonke lezulu liyahlabela, lithokoza ngoba mina-soni esimpofu esilahlekileyo nesilahliweyo ngatholwa, ngabuyiswa, ngasindiswa. Ngakhishwa emhumeni wami. Ngadonswa ngaze ngaphuma lapho ngacasha, ngaduka, ngabaleka, lapho ngadideka khona.

Phezu kwesahluko sethu kulotshiwe igama elithi: Okulahlekileyo: imvu, uhlamvu lwesiliva, indodana. UNkulunkulu ufuna okulahlekileyo. Nans' inhlanhla yethu! Ngakho-ke uJesu Kristu washiya izulu lakhe nezingelosi, wafika kithi lapha phansi. Ngakho-ke wahlushwa, washaywa, wadelelwa, waklolodelwa, wazondwa kangaka. Ngakho-ke wabethelwa ngezipikili ezintathu, walengwa emuthini wesiqalekiso ngosuku lonke waze wafa khona endaweni yamakhanda. Ngakho-ke wafa ukufa kwababi eGolgotha. Ngakho-ke wanqoba ukufa noSathane nesihogo sonke; wavuka kwabafileyo ngosuku lwesithathu. Ngakho-ke wadala iBandla lakhe ngokuthululwa kukaMoya oNgcwele, waze wathumela abafundi bakhe ezweni. Ngakho-ke usathumela izithunywa zakhe phakathi kwethu ukuba asidonse ezulwini, yebo, makabongwe uBaba osezulwini! Ufuna okulahlekileyo. Ngiyakholwa ukuthi ngingekholwe, ngingefike kuJesu Kristu, iNkosi yami ngokuqonda kwami nangamandla ami... Bala! njengalemvu edukileyo, njengenhlamvu yesiliva. Yebo, ngivuma ngokubonga nangokuzithoba; yebo, ngivuma ngentokozo enkulu, ngithi: Lomuntu kaNkulunkulu wamukela izoni, adle nazo.

Izwi elongamela lelisonto lithi: "Ngokuba iNdodana yomuntu izé ukufuna nokusindisa okulahlekileyo," Luk.19:10. Makabongwe uNkulunkulu ukuthi kunjalo, uyangifuna mina, uyakufuna wena, ngoba izono zethu zinjengesihlabathi ogwini kolwandle, zinjengezinwele zekhanda lethu. UMsindisi wami uyangixwayisa, uyangivusa, uyangidonsa. Ake sisondele ukuba sizwe kahle: Kwase kusondela kuye bonke abathelisi nezoni ukumuzwa. AbaFarisi nababhali base bekhonona bethi: Lomuntu wamukela izoni, adle nazo. Wayesebalandisa lomfanekiso, ethi: Ngumuphi umuntu kini onezimvu eziyikhulu, alahlekelwe ngenye kuzo, angazishiyi ezingamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye ehlane, aye kwelahlekileyo aze ayithole, na? Athi eseyitholile, ayetshathe ethokoza. Esefiké ekhaya ameme abahlobo nabakhelwane, athi kubo: Thokozani nami, ngokuba ngiyitholile imvu yami ebilahlekile. Ngithi

kini: Kanjalo kuyakuba-khona ukuthokoza ezulwini ngesoni sisinye esiphendukayo kunabalungileyo abangamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye abangasweli ukuphenduka.

Lentokozo yoMalusi ifuna ukungena enhliziyweni yami neyakhokho manje. Lentokozo ifuna ukugcwalisa imiphefumulo yethu. Lentokozo kaNkulunkulu ifuna ukuhlala nathi lapha eBandleni, ifuna ukugcwalisa imizi yethu, thina esikhohliwe ukuthokoza eNkosini, thina esimvumela uSathane njalo ukuba agcwalise amakhanda ethu ngokudabuka kwakhe okudala. Zonke izono ziyadabukisa. Asikwazi lokhu na? Konke okubi kuyadabukisa. Sikhohliwe yilokhu yini? Sivama sibona lokhu ekuhambeni kwethu. Ukuqamba amanga nokukhohlisa kuyadabukisa. Ukuhleba nokuhlambalaza kuyadabukisa. Ukuzindla ngokubi nokumfisela omunye okubi kuyadabukisa. Ukulwa nokuxabana kuyadabukisa. Ukulimaza nokubulalana kuyadabukisa. Ukurobha nokutshontsha kuyadabukisa. Ukuziphakamisa nokuzidla kuyadabukisa. Imicabango emibi, amazwi amabi, izenzo ezibi ziyadabukisa.

Impilo elula ngaphandle kukaNkulunkulu kuyadabukisa. Impilo edelela intando kaNkulunkulu iyadabukisa. Impilo yenkohliso nokufisa imali iyadabukisa. Ukuganga nomzimba nomphefumulo kuyadabukisa. Yekani okunidabukisa, yekani okubadabukisa abanye. Khethani intokozo! USathane uyadabukisa njalo. Unguyise wokudabuka konke. Ayikho intokozo embusweni wakhe. Ayikho intokozo esihogweni. Hlukana nemisebenzi yakhe emini, hlukana nemikhuba yakhe emibi. Phuma, lapho umphefumulo wakho ugodola khona. Mus' ukuguqa phansi emathuneni, uzodabuka khona. Bayadlala nezidumbu zenu. Woza, uguqe phansi esiBikweni, lapho uzoduduzwa khona. UNkulunkulu usilandela namuhla, usivakashela namuhla, uyasibiza, uyacela, uyadonsa.

Ukuba ngibe nokuthula noNkulunkulu kuyinhloko kunakho konke okunye. Ukuba ngibe nokwenama noMdali wami ngiswela ukuthethelelwa kwezono zami. Siphiwa kanjalo ilungelo lokuphila phambi kwakhe ngokulunga nangobumhlophe nangokuthokoza okuphelele okungapheliyo. Sinesizathu sokuthokoza, mhla icala layizolo lithethelelwe. Uyangenze konke lokhu ngomusa nangobubele bobubaba nabobuNkulunkulu kuphela, kungekho ukulunga nokufanela kwami. Come! Woza manje! Ngizokusekela, ngizokulekelela, ngizokukhombisa okungcono, kunamaliba aqandayo, okungcono kunamathuna. Ngizokubeka ezingalweni zika-Abrahama, ukuba umphefumulo wakho ompofu uthole ukuphumula nokwenama okungapheliyo. Bayakulindela ezulwini, bathanda ukukubona: bonke ofakazi labo abangenakubalwa abafelwe eNkosini. Ngithi kini: Kanjalo kukhona ukuthokoza phambi

kwezingelosi zikaNkulunkulu ngesoni sisinye esiphendukayo. Onezindlebe zokuzwa makezwe. Amen.

9. **Umkhuleko:** Baba wethu othandekayo osezulwini, siyabonga. Siyakubonga ukuba usiphile iNdodana yakho uJesu Kristu ukuba siphile. Vusa izinhliziyi zethu ukuba sibambelele kuwe. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 147/133

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyi zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2015 ngu-K. G. Tiedemann

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.